

Professor Mvuyo Tom

# Isandulelo ngoSihlalo

UHlelo loKwenza uMsebenzi lowezi-2015/16, i-HSRC lwaveza inhloso enesu yeminyaka emihlanu ezayo: *"Ukuba babhekane nokuhamba phambili okusemqoka okubhekene neNingizimu Afrika, e-Afrika nasemhlabeni ngokwenza ucwaningo, nokuba nolwazi olusha olukhuliswayo olusisiza ukuqonda indawo eguqukayo yabantu neyomphakathi esiphila kuyo."* Njengoba inhlangano isibeke ukugxila kwayo, inciphisa okuhamba phambili okubhekene neNingizimu Afrika kuze kufike ebuphofini, ukungalingani nokungasebenzi, kanye nokubeka lokhu emongweni wezinselelo njengokucwasa ngokobuhlanga, ukucwasa ngokobulili, ukucwasa ngokwezingakuphila nezinkinga yesifunda.

IBhodi le-HSRC iyaziqhenya ngokukwethulela lo Mbiko waMinyaka yonke oDidiyelwe njengenkomba yempenduloqoqa ye-HSRC kulokho ekubekele ukukuthola, kuzo zombili izikhathi okuyiminyaka eyisihlanu eyedlule kanye nonyaka obukezwayo.

UHlelo loKwenza uMsebenzi lwaMinyaka yonke lowezi-2019/20 luphindwe ohlelweni locwaningo lwenhlangano ngobuphofu nokungalingani: *"Ukuqala lokho osekwenziwe, i-HSRC izokwakhela emandleni ezwakalayo endlela yokwenza ucwaningo, njengokukwazi ukwakha nokulawula amasaveyi asezingeni elikhulu kuzwelonke nabheke phezulu, ukuhluza imininingo ekhona ukuze kuhluzwe ukuya phambili. Luphinde lwakhe ulwazi oludingekayo olugxile kolunye ucwaningo nemibuzo esezingeni eliphansi elibekwe phambi kukahulumeni nabenzi benqubomgomo. Lezi zinsiza ziyoba khona ukuhlinzeka imininingo ekhona, ulwazi oluyisisekelo nokuhluza okutolikayo lokungena ezimweni zomphakathi wezwe kanye nezinqubomgomo nezinhlelo ezidingekayo ukuba kube nenguquko. I-HSRC iphinde ihloswe ukuba ihlanganyele futhi ifunde nabacwaningi, abenzi bezinqubomgomo nemiphakathi enentshisekelo namakhono abhekana nezimo zobuphofu nokungalingani, kanye nokufaka isandla ekuthuthukiseni okusetshenzwa ngakho lapho kunezinsiza zongoti ukwenza lokho."*

Izinkomba zokwenza umsebenzi eBuxhakaxhakeni bokuSebenza ndawonye okuSafufusa noCowaningo oLwenziwayo zibukeka zizinhle kakhulu, kodwa okusijabulisa kakhulu wumsebenzi osuwenziwelwe imiphakathi nakuyo imiphakathi, njengomphakathi waseSweetwaters KwaZulu-Natali.

Isaveyi kaZwelonke yoCwaningo neNtuthuko (Research and Development [R&D]) ebiyenziwa yi-HSRC iyenzela uMnyango weSayensi

nokuQalisa (Department of Science and Innovation [DSI]) kusukela ngasekuqaleni kwekhuluminyaka lowezi-2000, okuhlinzeka imininingo ehamba phambili yocwaningo, intuthuko nokuqalisa ezweni.

Isikhungo seziNkomba zeSayensi, ezoBuchwepheshe nokuQalisa (Centre for Science, Technology and Innovation Indicators [CeSTII]) kulo nyaka sethule isaveyi entsha eyisisekelo emizamweni yamabhizinisi ezolimo, nohlelo lokukala olusha ekuqaliseni nasemabhizinisini angahleliwe.

Isaveyi yokuZiphatha eMphakathini saseNingizimu Afrika (South African Social Attitudes Survey' [SASAS]), eyaqalwa ngowezi-2003, yaqhubeka nokukala imibono yomphakathi nendlelakubuka yabantu bseNingizimu Afrika. Kulo nyaka iqembu iphinde yasebenza ngokusondelana ne-Independent Electoral Commission (i-IEC) ngokuphatha amasaveyi okuBamba iqhaza kwaBavoti nokwaNeliseka kwaBavoti oKhethweni lukaZwelonke kowezi-2019.

La masaveyi namanye aphindwayo, njebizwa ngokuthi yi-Trends in International Mathematics and Science Study (TIMMS) kanye ne-South African Behaviour Sero- Surveillance and Media Survey (SABSSM) iyaqhubeka nokunika imininingo ehamba phambili kubenzi bezinqubomgomo, abafundisa emanyuvesi nakososayensi. Ngenxa yalokhu, amasethi ayi-16 emininingo emisha ayetholakala ukuze asetshenziswe esikhathini esibuyekezwayo, abasebenzisi abangama-159 badawuniloda amasethi emininingo angama-608. Iningi lalaba basebenzisi bemininingo bangabaseNingizimu Afrika kanti amasethi emininingo ayesetshenziswa ikakhulukazi abalingani abasezikhungweni zemfundo ephakeme yemikhandlu yesayensi/nasocwaningweni.

I-HSRC iphinde ihlose ukuqinisa indima yayo njengomholi wocwaningo lwabantu nolomphakathi nokuhambisanisa ucwaningo nezinselelo eziseqhulwini zezwe – inhloso okungafinyeleleka kuyo kuphela ngokuhlanganisa abenzi bezinqubomgomo, abaholi bokucatshangwayo, ongoti nemiphakathi. Ngesikhathi izinkomba zokwenza umsebenzi woBuxhakaxhaka bokuSebenza ndawonye okusaThuthuka noCwaningo olweNziwayo kuhamba kahle, sijabule ikakhulukazi ngomsebenzi owenzelwa umphakathi nowenziwa nomphakathi njengomsebenzi oqhubekayo emphakathini waseSweetwaters KwaZulu-Natali, kanye nokuhlanganyela namaNyuvesi asekhaya nawasemazweni omhlaba nemikhandlu yesayensi. Ukukwazi ukuhlanganyela kanye nomthamo ongaqaleka kwavezwa ngokukhulu ekugcineni konyaka wezimali, sekuzoba khona ukubheduka kwe-COVID-19 emhlabeni jikelele. I-HSRC iphinde yaqalisa ukusebenzisana okunamasu ukuze ikwazi ukuqhamukisa nokwabelana ngokufaka isandla empendulweni kuzwelonke, ukunika amandla kwisu elimikhakha miningi ezinhlelweni zokuthatha izinqumo zikahulumeni nokukhombisa ukubaluleka kwesayensi yomphakathi.

Umyalelo woMnyango wezeZimali ngokunqindeka komthethosivivinyo weholo wawuyinselelo enkulu onyakeni obukezwayo. Ngokulandela umyalelo, kwaba nokumiswa kwakho nokumiswa kwakho konke ukuqashwa kabusha. Kwakudinga ukuba inhlangano ilawule izidingo eziphikisanayo zezinhlelo zocwaningo ukuze kugcwaliswe izikhala ezibalulekile. Ukuthi izikhundla ezisemqoka bezilokhu zingavaliwe kudale ingcindezi kubaphathi kanye nakulabo basebenzi okwakudingeka bathwale izibopho ezongeziwe. Ukongeza, ukungakwazi ukuqasha kabusha kunomphumela omubi ekufinyeleleni kwenhlangano ezinhlosweni ezibekiwe njengezinkomba, njengokuqashwa kwabazoqeqeshwa abaneziqu zeMastazi nezobuDokotela.

Usuku lwamhla zingama-31 kuNdasa (March) 2020 lwalungolokuphela komzungezo wokuhlela weminyka emihlanu. Ngesikhathi lolu suku lusondela, okuseqhulwini kweBhodi ngonyaka obukezwayo kwakuwukuqalisa ngohlelo olumazinga-ningi olunamasu okuthuthukisa uHlelo lwaMasu lwe-HSRC lowezi-2020–2025. Uhlelo oluvele esikhathini esiyizinyanga ezimbalwa nokwaholela ekuvunyweni kohlelosu olusha nomumo oqondaniswe kabusha womumo wenhlangano. Uma kubukwa injulalwazi yoshintsho ye-HSRC, eminyakeni emihlanu izogxilisa ucwaningo lwayo kwi-ajenda yocwaningo emiphumeleni ehambisana noHlelo lweNtuthuko kuZwelonkekanye nombono wowama-2030. Kanjalo-ke, luyokhiqiza bese kusabalalisa ulwazi oluyofaka isandla kokungakhethwa kukho ngokwenqubomgomo kanye nezinhlelo zokuqeda ubuphofu, izixazululo zokwehlisa ukungalingani nemizamokuqalisa emayelana nokwakha imisebenzi. Okubekwe eqhulwini okusha nokubalulekile kwenhlangano ukufinyelela embonweni weminyaka emihlanu kuwukwedlula ekwenziweni kocwaningo kuqondwe ekusetshenzisweni kocwaningo ngokwenqubomgomo nemithelela.

Ngifisa ukwazisa nokubonga uNgqongqoshe weMfundo ePhakeme, iSayensi nobuChwepheshe kanye noMnyango weSayensi nokuQalisa ngokweseka kwabo okuqhubekayo nokufaka isandla abakubhekile. Kanjalo namalungu esinawo eBhodini hlanganyelani nami ekubongeni iSikhulu eSiphezulu, abaphathi kanye nabalingani base-HSRC asebekhombise

ukuzimelela, ukubambelela nokuqhamuka namasu ukuba baqhubeke bathole imiphumela encomekayo nakuba kunezivimbi zezinsiza kanye nokukwazi ukwenza umsebenzi.

Unyaka ka-2019/20 ngobuhlungu obukhulu bokungabi nasiqiniseko nokuba sesimweni esingajwayelekile. Kuthiwa amandla amakhulu avame ukuqhamuka ekuxakekeni – masingagxili ebunzimeni, kodwa sifune ithuba lokwenza kabusha.



**USolwazi Mvuyo Tom**
USihlalo we-HSRC

30 kuMandulo (September) 2020



Professor Crain Soudien

# Ukubuka ngeso elibanzi kweSikhulu eSiphezulu

Umumo wowezi-2019/20 waguquka cishe ngokuphelele emasontweni amabili alandela ukumenyezelwa komumo wenhlakelele ezweni nokuqalisa imvalelwakhaya kuzwelonke. Umthelela kwezomnotho nomphakathi walokhu kungenelela washesha wabonakala njengoba izwe lalizilungiselela ukubhekana nokuqubuka kwe-COVID-19 nencithakalo eyayingayidala. I-HSRC nayo ayisindanga emthelelenі wemigoqo eminingi, iningi layo iyohlala ibe yinto esiyejwayelayo, bese iba yisidingo esikhulu sokubeka phambili izinsiza zezimali. Imisebenzi eminingi ebekiwe, leyo eyenzekayo nemisha, ayikwazanga ukuqhubeka njengenjwayelo, ikakhulukazi amaphrojekthi adinga kuyiwe endaweni yokuqoqa ulwazi. Ukujikela ezindleleni ezintsha zokwenza ibhizinisi zadinga imihlahlandlela enendlelakuziphatha enhle, amaphrothokholi amasha asebenzayo nesabelozimali ezibukwe kabusha, hhayi nje ukuphendula manje kodwa nasesikhathini esizayo.

I-HSRC ayihlangabezananga nezinhloso zemali engenayo evela ngaphandle zonyaka obukezwayo, zashoda ngama-41%. Nakuba lokhu kungaphansi kokulindelekile, kuyahambisaba nomumomzungezo wemali okutonyulwa kuyo imali engenayo evela ngaphandle. Ukwenza umsebenzi osezingeni eliphezulu kowezi-2018/19 kwahlotshoniswa nemali enkulu yomsebenzi ohlobene nesaveyi, nowafaka isandla ekukhuleni kwemali etholakalayo. Ngokuba mbalwa kwamaphrojekthi amakhulu enziwa onyakeni obukezwayo, imali engeniswa wucwaningo nezindleko zocwaningo kwaba ngaphansi kwemali eyayibekiwe. Inhloso yokuba imali yonke evela ngaphandle ifinyelele esilinganisweni esingama-48% nemali evela ngaphandle engama-52% yesibonelelo sephalamende akufinyelelwanga kuyo. Nakuba kwaba nokushoda kwemali engenayo, inhlangano yaphothula unyaka inemali eyongeziwe, njengoba ukonga okukhulu kanye nezimali eziphuma ngamaphrojekthi angaphansi kwamanye aholela ekutheni izindleko ezintweni eziningi ezikwisabelozimali zenziwe ngemali encane kunobekubekiwe.

Ukonga kakhulu ezindlekweni kwaholela kumthethosivivinyo wamaholo ngenxa yokuncishiswa kokuqashwa kabusha, okwaqaliswa ukusebenza ukubhekana nokunqindwa kwemiholo wuMnyango

> Nakuba kunokwehla esibonelelweni sephalamende, i-HSRC inesibopho nesifiso sokubhekana nemibuzo ebaluleke kakhulu ezweni kanti izoqhubeka nokuyisa izimali kwenye indawo lapho kulindeleke khona ukubhekana nokubekwe phambili kuzwelonke, okufaka ne-COVID-19.

wezeZimali kuZwelonke. Lokhu kanye nokunye ukuqashwa okubambezelekile kwaba nomthelela ofunekayo wokunqinda umthethosivivinyo wamaholo, kodwa, ukuncipha kokukwazi ukwenza okuhlobene nalokho okudalekile kwadala ingcuphe enkulu mayelana nabasebenzi base-HSRC. Njengoba kunezikhala eziningi zabacwaningi abaphezulu nabasebenzi abasemqoka abangomabhalane, abantu abancane ngesibalo bazibophezele, ngaphandle kokuba khona kwenzuzo yezezimali ngokomsebenzi abawenzile. Izimo eziphoqayo ezinsizeni kuqhathaniswa nokudingeka njengoba kuyingcuphe enkulu enhlanganweni, kanjalo nangokukwazi ukuhuha nokugcina abasebenzi abanamakhono.

Isicelo sokugcina imali eseleyo ngokwemigomo yeSigaba 53(3) se PFMA siyohanjiswa eMnyangweni weZimali kuZwelonke. Imali engaphezulu iyosetshenziswa kumaphrojekthi engqalasizinda nawokusebenza, okungafaki izindleko zabasebenzi, okungeke kufakwe esibonelelweni esibekelwe iphalamende sonyaka omusha wezimali. Lokhu kufaka ukusetshenzwa okulawulayo kwamahhovisi e-HSRC kanye nengqalasizinda egugayo.

Ukubuyekezwa kokuhlolwa kwamabhuku kwangaphakathi kokuPhathwa loChunge lokuLethwayo (Supply Chain Management [SCM]) kuhlonze ukuthi ukulawula kwangaphakathi mayelana ne-SCM kwehle kwabheka phansi kusukela ngonyaka owedlule nokudinga ukuphuculwa okukhulu. Ukubuyiseleka emuva kubuye kususelwe ekungazinzini kophikwana, okulandela abasebenzi abambalwa asebehambile, okufaka noMqondisi we-SCM kanye ne-CFO. Njengezingcuphe ezisemqoka, i-SCM kanye nokuhambisana nezinhlaka ezikhona zomthetho obekiwe zihlala ziphambili kwi-HSRC. Ukungenelela okudingekayo kuhlela ukubhekana nokulawula okushodayo sekuthuthukisiwe kanti kuyagadwa ukuze kuxazululwe yiKomidi lokuHlola amabhuku neNgcuphe. ABaphathi balokhu benokwethemba, kodwa, izinqubomgomo ezidingekayo kanye nezinqubo ezikhona neziqaliswe ukusebenza ngokwanele ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi obekiwe wenziwa ngendlela, nokuthi izingcuphe eziningi ziyasuswa.

I-HSRC ilokhu iqhubeka nokuba yinto ekhathazayo njengoba lokhu kuqinisekiswe wuhlolomabhuku. Umumo oqhubekayo uyaqaliswa, phakathi kokunye,ngamaphrojekthi athatha iminyaka emininingi namakhulukazi osekutholakele izimali zawo. Uma kuqhathaniswa, isibonelelo sephalamende siphinde sancishiswa ekuqubukeni kobhubhane lwe-COVID-19. Ukwehliswa kwesabelozimali esingama-10% kuyofakwa kumthethosivivinyo wamaholo. Ukuze kutholakale lokhu, ukuncishiswa kokuqashwa kabusha, okufaka nalokho okukhiqizwa yizinkomba zezinhloso zenhlangano, nokuyohlala kusebenza esikhathini esizayo; izikhundla ezivunyiwe ziyobekwa phambili bese kulitshaziswa ukuqasha; kanti eminyakeni emibili elandelanayo, akukho kukhuphuka ezindlekweni zempilo okuyoqalisa ukusebenza onyakeni omusha wezimali.

Ngale kokwehla kwesibonelelo sikahulumeni, i-HSRC inesibopho nesifiso sokuphendula imibuzo eshesha kakhulu emayelana nomphakathi ezweni kanti izoqhubeka nokuqondisa izimali ngaphakathi kokubekiwe ukubhekana nokubekwe phambili kuzwelonke, okufaka i-COVID-19. Nakuba isibonelelo sephalamende sachitshiyelwa ngemali eqhamuka ngaphandle ngokwamukelekile eminyakeni eyedlule, kuyemukeleka ukuthi unyaka omusha wezimali uzoba nokwehla kakhulu kwemali eqhamuka ngaphandle, njengoba abafakizimali bangaphandle nabangaphakathi bezithola bephoqekile ukubeka phambili ukwabiwa kwesabelozimali.

Uma sibuka lokho okuyindawo engenazinsiza, ngiyaziqhenya kakhulu ukuthi i-HSRC ingakhiqiza uMbiko woNyaka oDidiyelwe waleli zingabunjalo, okubuka ukuvezwa kolwazi nokuqala okusha ukusiza uhulumeni ekuhleleni, ukuthuthukiswa kwenqubomgomo, ukugada nokuhluza. Lokhu ngeke kwenzeke ngaphambi kokuzinikela nesixazululo saBaphathi be-HSRC Management kanye nabasebenzi.

Ngithanda ukubonga uNgqongqoshe weMfundo ePhakeme, iSayensi nezobuChwepheshe kanye noMqondisi-Jikelele kanye nabalingani boMnyango weSayensi nokuQalisa ngokweseka kwabo okuqhubekayo. IBhodi le-HSRC, ngaphansi kobuholi bukaSol Mvuyo Tom, liyaqhubeka nokuhlinzeka uholo olungelinganiswe kuBaphathi be-HSRC kanti sinenhlenhla ukuthi sizuze inhlakanipho yabo.



**USolwazi Crain Soudien**

ISikhulu eSiphezulu se-HSRC

30 kuMandulo (September) 2020